NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATION
NOVEMBER 2025

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA: IPHEPHA I**
**ISIZULU FIRST ADDITIONAL LANGUAGE: PAPER I**

Isikhathi: Amahora ama-2½ Amamaki ayi-100

---

**QAPHELA LOKHU OKULANDELAYO:**

1. Amakhasi aleli phepha ayi-19. Qinisekisa ukuthi nelakho liphelele.
2. Leli phepha lineziqephu **EZINE**, isiqephu **A**, **B**, **C** kanye no-**D**. Bhekisisa ukuthi nelakho linazo zonke iziqephu.
3. Phendula zonke **IZIQEPHU**.
4. Qala isiqephu **EKHASINI ELISHA**. Uvumelekile ukuqala nganoma yisiphi isiqephu osithandayo kodwa usiqede ungaxubanisi imibuzo yesiqephu.
5. Bhala izinombolo zemibuzo zibe njengoba zibhalwe ephepheni lemibuzo, **UNGAZIGUQULI**.
6. Phendula yonke imibuzo **NGESIZULU**.
7. Shiya umugqa owodwa njalo emuva kwempendulo.
8. Ungabhali lutho ngale kwemajini.
9. Bhala ngesandla esicacile, esifundekayo futhi umsebenzi wakho uhleleke kahle ngobunono.

---

IEB Copyright © 2025 

## ISIQEPHU A ISIFUNDO SOKUQONDISISA

## UMBUZO 1

Funda ingxoxo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

### UMIA LE ROUX UNQOBE ISICOCO SIKA-*MISS SOUTH AFRICA* 2024




[Sicashunwe ku-inthanethi]

(Intatheli yephephandaba Ilanga, uSindeka Mandoyi uxoxe **nesiphalaphala sentombi** uMia Le Roux emva kokunqoba isicoco sika-*Miss South Africa* ngomhlaka 10 *August* 2024.)

**USindeka:** Mia ngiyajabula ukuthola ithuba lokukhuluma nawe emva kokuba **uphume phambili** emncintiswaneni ka-*Miss South Africa 2024.*

**UMia:** (Emamatheka) Nami ngiyajabula ukuthola ithuba lokuxoxa nawe Sindeka.

**USindeka:** Ngicela ungitshele ukuthi wazalelwa kuphi nokuthi ngobani abazali bakho?

**UMia:** (Elungisa izinwele) Ngazalelwa *eSasolburg*, e-*Free State* zingama-27 kuNhlangulana ngo-1995. Abazali bami ngu-*Schalk no Liesel Le Roux*. Nginenhlanhla yokuba nabazali abanothando. Bangifundise ukuzihlonipha, ukuhlonipha abanye abantu, ukubaluleka kwemfundo ukuze ngibe nekusasa eliqhakazile. Abazali bangifundise ukuthi ukudla izidakamizwa nokuphuza utshwala kunomthelela omubi empilweni yomuntu omusha.

**USindeka:** Kungani ukhethe ukungena emncintiswaneni ka-*Miss South Africa?*

| | |
|---|---|
| **UMia:** | Ngiyakuthanda ukumodela. Amantombazane awine lo mncintiswano enze umehluko omkhulu ezimpilweni zabantu. Mina njengomuntu oyisithulu noma ongezwa (*deaf*) ngimele amalunga omphakathi aphila nokukhubazeka. Ngifisa ukukhombisa ukuthi abantu abaphila nokukhubazeka bayaphumelela empilweni. Kufanele bazimisele ngalokhu abakwenzayo. |
| **USindeka:** | Ucabanga ukuthi yini ebalulekile ngokuba ngu-*Miss South Africa*? |
| **UMia:** | Ngicabanga ukuthi ukuba ngu-*Miss South Africa* kunika abantu besifazane ithuba lokuthi babe nezwi (*voice*) emphakathini. **Abesifazane mabanikwe ithuba lokuhola nokuletha ushintsho ezimpilweni zabantu abaningi.** |
| **USindeka:** | Ucabanga ukuthi yikuphi okuhle abesifazane abancane abangakufunda kuwena? |
| **UMia:** | (Emoyizela) Bangafunda ukuzethemba, ukuba nothando lwento abayenzayo ukubekezela uma impilo inzima futhi **bangaphosi ithawula**. Kufanele bakhumbule lapho bevela khona. |
| **USindeka:** | Yikuphi okuhle okwenze emphakathini walapho okhulele khona? |
| **UMia:** | Ngifundise umphakathi ngezinkinga zabantu abayizithulu (*deaf*). Ngikhuthaze abantu abasha ukuthi bafunde ukuze babe nama-*skills* azobasiza bakwazi ukuzimela. Abantu abangezwa bahlakaniphile. Badinga usizo oluncane nje uma bebuka umabonakude noma belalele umsakazo. Nginesifiso sokusiza abantu abakhubazekile njengoba umphakathi wangasekhaya wenza kimina. |
| **USindeka:** | Yini oyithandayo ngabantu base *South Africa*? |
| **UMia:** | Into engiyithanda ngabantu base *South Africa* ukuthi banobuntu. Abantu bezinhlanga ezihlukahlukene namasiko ahlukene bayahlangana ngoba befuna ukusizana emphakathini. Ngesikhathi ngineminyaka emibili umphakathi wangakithi wanikela ngemali wangithengela ama-*cochlear implant.* Bangisiza ukuze ngikwazi ukulalela kahle uma abantu bekhuluma. Ngikubonile futhi lokhu ngesikhathi ngixhaswa (*sponsored)* yi-*South Africa* lapho ngiwina isicoco sika-*Miss South Africa*. |
| **USindeka:** | Sitshele izinto ezinhlanu ozithandayo. |
| **UMia:** | Ngithanda izilwane, ukupheka, ukufunda izincwadi kanye nokuthenga izingubo ezinhle. Uyazi Sindeka, ngiyakuthanda ukubona abantu bejabulile. |
| **USindeka:** | Yimiphi imiklomelo (*awards*) oyitholile njengoba uwine isicoco sika-*Miss South Africa?* |
| **UMia:** | Ngithole imiklomelo emihle kakhulu. Ngithole amarandi ayisi-1 000 000, izimpahla zasendlini zakwa-*Woolworths*, imoto entsha i-*Mercedes Benz GLC Coupe* nendawo yokuhlala unyaka owodwa e-*Brookfield Royal* eGoli. |
| **USindeka:** | Ngiyabonga kakhulu Mia, kube yintokozo ukuxoxa nawe. Ngiyakubongela ngemiklomelo oyitholile. Uhambe kahle. |
| **UMia:** | Nami ngijabulile ukuxoxa nawe Sindeka. Usale kahle. |

[Icashunwe ephephandabeni i*Langa*, langomhlaka 26 kuNcwaba 2024, yabuye yalungiswa]

1.1 Phendula ngokuthi **YEBO** noma **CHA**.

1.1.1 UMia uwine lo mncintiswano ngonyaka odlule. (1)

1.1.2 USindeka usebenza emncintiswaneni ka-*Miss South Africa*. (1)

1.2 Bhala izinto ezimbili ezithandwa nguMia. (2)

1.3 Abazali baka-Mia yikuphi okuhle abamfundise khona? Bhala okubili. (2)

1.4 **Engxoxweni**, tomula amagama anomqondo ophikisa lawa angezansi:

1.4.1 Omdala (1)

1.4.2 Amantombazane (1)

1.5 Humusha la magama ngesiZulu:

1.5.1 *South Africa* (1)

1.5.2 *Skills* (1)

1.6 Chaza lezi **zimo zokukhuluma** ezingezansi:

1.6.1 Isiphalaphala sentombi. (1)

1.6.2 Ukuphosa ithawula. (1)

1.7 **Yiqiniso** noma **ngumbono** ukuthi abantu besifazane uma benikwe ithuba lokuhola, baletha ushintsho ezimpilweni zabantu? Sekela impendulo yakho. (2)

1.8 Ungamchaza njengomuntu onjani uMia? Bhala amaphuzu amabili. (2)

1.9 Ucabanga ukuthi uSindeka ukhuluma kanjani noMia njengoba uMia eyisithulu nje? (2)

1.10 Wena uhlela umncintiswano ka-*Miss South Africa*. Yimuphi umklomelo ongawunika owesifazane owine umncintiswano? Sekela impendulo yakho. (2)
**[20]**


IEB Copyright © 2025

## UMBUZO 2

Funda isikhangiso esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

**WINA UNYANYAVU LWEMOTO!**

**UMNCINTISWANO UQALA MHLA ZINGAMA-20 KU-JULY 2025**



[Sicashunwe ku-inthanethi]

**ZIBEKE ETHUBENI LOKUWINA IMOTO YOHLOBO LWE-*NISSAN* 370Z**

**KANYE NEZIPHO EZIBIZA AMARANDI AYIZINKULUNGWANE**

**EZINGAMASHUMI AMA-4.**

**UMNCINTISWANO UNGENELWA KANJE:**

Thenga iphephandaba *ISOLEZWE*. Thola ifomu lomncintiswano kanye nesithombe semoto i-*Nissan* 370Z. Iphephandaba ngalinye linefomu elilodwa nesithombe esisodwa.
Gcwalisa ifomu lokungenela umncintiswano bese ufaka izithombe eziyisithupha.
Udinga amaphephandaba ayisi-6.

- Ozophuma phambili uthola unyanyavu lwemoto yohlobo lwe-*Nissan* 370Z.
- Ozophuma isibili uthola izipho ezibiza inani lamarandi ayizinkulungwane ezi-5.
- Njalo ngenyanga kusukela ngo-*July* kuya ku-*December* abantu abayisi-8 bazowina izipho ezibiza amarandi ayizi-2 500.

**WALALA! WASALA!**

Gcwalisa ifomu bese ulishiya emahhovisi ephephandaba *ISOLEZWE*, eThekwini noma uliposele kuleli kheli: ISOLEZWE – *PO Box 47549, Greyville, Durban,* 4023.

Imininingwane yomncintiswano yokungenela itholakala ku-www.isolezwenews.co.za.

**ISOLEZWE**

**LIWELA UMFULA UGCWELE**

[Umbhalo wokuziqambela]

2.1 Khetha impendulo elungile kubakaki:

Unyanyavu lwemoto, yimoto **(endala kakhulu, enhle kakhulu, enkulu)**. (1)

2.2 Unjani umbala wemoto esesikhangisweni? (1)

2.3 Wuhlobo luni lwemoto lolu olusesikhangisweni? (1)

2.4 Udinga amaphephandaba amangaki ukungenela umncintiswano? Bhala inombolo ngesiZulu. (1)

2.5 Umncintiswano uqala ngayiphi inyanga? Bhala ngegama lesiZulu. (1)

2.6 Ungenelwa kanjani lo mncintiswano? Bhala amaphuzu amabili. (2)

2.7 Uzotholani umuntu ozophuma phambili kulo mncintiswano? (1)

2.8 Le moto ayiwulungele umndeni onamalungu amahlanu. Sekela lesi sitatimende. (1)

2.9 Ungenzenjani uma izulu lina uhamba ngale moto? (1)
**[10]**

**Amamaki angama-30**

## ISIQEPHU B UKUFINGQA

## UMBUZO 3

- Funda le ndatshana bese **UYIFINGQA** ngamagama **angama-50** kuya **kwangama-60**.
- Bhala amaphuzu **AMAHLANU** ngemisho ephelele.
- Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela **kweyoku-1** kuya **kweyesi-5** NOMA **amabhulethi**.
- Sebenzisa amagama akho emishweni. **UNGABHALI** isigaba.
- Sebenzisa ulimi oluhle nolwamukelekile.

### IMVULA ENAMANDLA NOMOYA IHLASELE KWAZULU-NATALI



[Sicashunwe ku-inthanethi]

Ukuguquguquka kwesimo sezulu kunomthelela omubi kubantu base-*South Africa*. Kuba khona isomiso esilimaza izitshalo engadini kunciphe amanzi. Isikhathi esiningi imvula iyana, kube nomoya ohambisana nokuduma kwezulu. Imizi yabantu iyalimala kufe izimoto nemigwaqo. Izulu lishisa kakhulu. Utshani buyoma, lokho kwenza ukudla kwezilwane kube kuncane.

Unyaka ka-2023 waba nesimo sezulu esibi kakhulu KwaZulu-Natali. Imvula enamandla ehambisana nesichotho yashiya abantu bekhala kulesi sifundazwe. Imvula yaqala ngoMgqibelo emini ngomhlaka 20 *October* 2023. Izangoma zezulu zazisola i-*global warming* edala ukuguquguquka kwesimo sezulu. Zazisola ukuthi ukushintsha kwesimo sezulu kudalwa ngabantu. Izangoma zezulu zathi ukushisa amalahle, amafutha negesi kunomthelela omubi emhlabeni.

Kwalimala imizi yabantu abaningi kuMasipala waseMtubatuba. Imvula nomoya kwalimaza uphahla (*roof*) lwezindlu, kwawa nezindonga zemizi. Ibalelwa emashumini ayisi-7 imizi eyalimala/ eyabhidlika. Izindawo ezahlaselwa yile nkinga yesimo sezulu: yiKwaMachibini, KwaSomkhele, KwaMnandi naKwaMyeki. Esikoleni sakule ndawo eMtubatuba *Primary School* kwaphephuka uphahla. Amanzi angena emakilasini amanzisa izincwadi zabafundi.

Imeya kaMasipala waseMkhanyakude, uMnumzane Siphile Mdaka, yahambela kule ndawo nezingomakhelwane ukuhlola umonakalo owenzeka. Imindeni eyayingenazo izindawo zokuhlala yahlala ehholo lomphakathi ngoba kwakufanele kulungiswe imizi yayo. UMasipala waseMtubatuba wanikela ngamaphasela okudla nezingubo zokulala emindenini eyayingenayo imizi.

I-*South African Weather Service* yakhipha isixwayiso (*warning*) sika-*level* 5 ngoba ezindaweni eziningi esifundazweni iKwaZulu-Natali kwakuzoba nesimo sezulu esibi. Abantu batshelwa ukuthi izulu lalizoba libi, kube nokuduma kwezulu okuhamba nomoya onamandla. Abantu bacelwa ukuthi baqaphele bangaphumi ezindlini uma singekho isidingo, bangayiweli imifula egcwele futhi bashayele izimoto ngesivinini (*speed*) esiphansi emigwaqeni. Izingozi eziningi zomgwaqo zidalwa ukushayela ngesivinini esiphezulu uma izulu lilibi.

[Icashunwe ephephandabeni *Isolezwe*, langomhlaka 23 *October* 2023, yabuye yalungiswa]

**Ekufingqeni kwakho bheka lokhu:**

- Izinkinga ezidalwa ukuguquguquka kwesimo sezulu.
- Isifundazwe nesikhathi okwenzeka ngaso lesi simo sezulu esibi.
- Izindawo kulesi sifundazwe ezihlaselwe yinkinga yesimo sezulu.
- Usizo oluvela kuMasipala waseMtubatuba.
- Isixwayiso sakwa *South African Weather Service*.

**UKWABIWA KWAMAMAKI**

| | | |
|---|---|---|
| **Ingqikithi:** | Amaphuzu amahlanu akhona futhi enza umqondo. | (5) |
| **Ulimi:** | Lusetshenziswe kahle, alunamaphutha. | (2) |
| **Amagama omfundi:** | Umfundi usebenzise amagama akhe. Kubhalwe ngenkulumo mbiko. | (1) |
| **Amaphuzu:** | Izinombolo noma amabhulethi. | (1) |
| **Inani lamagama:** | Amagama esephelele **angama-50** kuya **kwangama-60** futhi abhaliwe. | (1) |

**Amamaki ayi-10**

## ISIQEPHU C IZINKONDLO

Sebenzisa lezi zinkondlo ukuphendula imibuzo elandelayo.

## UMBUZO 4

### Inkondlo A – Efundwe ekilasini

**ISO LAMI – Nolwazi Machi**

Ngigqolozela emgwaqeni
Ngibuke ngibukisise
**Lidikize iso lami**;
Liphinde kathathu-
Akubuzwa, uyeza.

Ngimamatheke.

Iso lami lidikize futhi
Impelasonto isifikile,
Ubusuku busemnyango,
Akubuzwa, uyeza.

Ziqhele izihlathi.

Iso lami lidikize ngesihluku
Ngizame nokho ukumamatheka;
Kukhona okushaya amanzi,
Yebo uMgqibelo namuhla,
Nakanjani, usendleleni.

Ngizame ukumamatheka.

Usuku lube luhle luhlobe,
Nami ngibe muhle ngihlobe,
Ukuze afike sengime ngomumo
Kakade uzofika kungekudala
**Igxumagxume inhliziyo**.

Ngihleke ngedwana.

Kuqhamuke umngani, ngidinge lishone.
'Uphi Yena?' ngizibuze ngiziphendule.
Ngiyifunde ivaliwe:
'Akasezi!'

Zehle izihlathi.

…………………………………………

4.1 Imbongi imlinde ngaluphi **usuku** lo muntu? (1)

4.2 Tomula **inzwa** etholakala esitanzeni soku-1. Bhala uhlobo nesibonelo. (2)

4.3 **Enkondlweni**, tomula umugqa okhombisa ukuthi imbongi inesiqiniseko sokuthi lo muntu uzofika. (1)

4.4 Chaza lokhu okungezansi:

4.4.1 Lidikize iso lami. (1)

4.4.2 Igxumagxume inhliziyo. (1)

4.5 Yayikusiphi **isimo** imbongi ngesikhathi ibhala le nkondlo? (1)
**[7]**

IEB Copyright © 2025

## UMBUZO 5

Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

### Inkondlo B – Efundwe ekilasini

**KWAKUNGELULA – Nonkululeko Keswa**

Lapho kwakudingeka mina nodokotela
Ngingavumelekile ukungena nasihlobo
Ngangiqhaqhazela-nokho yize uvalo.
Ngangibuye ngizisole kulapho ngangifuthelwa;
Izilonda zazimincike wonke umzimba.
Babekhona ababeseduze kwami
Kodwa bengezile ngalobu bunzima.
**KWAKUNGELULA.**

Ngangiqhutshwa ngenqola umhlengikazi
Ngilengisile isigujana samanzi angena ngemithambo
Ngiyaluzwa uvalo oludabula izibili
Nezilonda ziyankenketha ngaphansi kwamashidi.
Isandla sokudla asisasebenzi
Akulula, ngilindele ezinhle nezimbi
Kungenzeka ukuthi kule nqola sengihleli unomphelo
Nesizathu sokuthi ngitshelwe kangisiboni
Kakade ikhambi bayalilandula-
**KWAKUNGELULA.**

Ngilinde nje imishini yemicabango ilokhu igayile
Ngabe lo owasithela kimi wayazi?
Qha kungenzeka ngimsulwa.
Uma ngingemsulwa-ke?
Umndeni wami ngiyowazisa kanjani?
Abatholakala benakho abasuke boneni?
Kungenzeke kimi ngoba nginjani?
IMPELA **KWAKUNGELULA**.

Wavela udokotela lapho siqala sibuya isibindi
Kwakuthi angithi akame umhlengikazi
**Shwi!** Inqola egumbini
Cha kunzima namhlanje;
Uhlale engibonela embhedeni
Namhlanje kufanele sibe sobabili
Ifayela selisesandleni sakhe
Kwasengathi kukhona oshaya ikhanda ngepiki
Lawo mazwi alihlahlela lanqamuka phakathi.
Ngaphaphama sengikwelinye ikamelo-
WO, **KWAKUNGELULA!**

………………………………………………….

IEB Copyright © 2025 

5.1 **Khetha** impendulo elungile kubakaki:

5.1.1 Umuntu osebenza esibhedlela (**umhlengikazi, uthisha, ummeli**). (1)

5.1.2 Ikhambi (**udokotela, umuthi, isifo**). (1)

5.2 Esitanzeni sesibili thola amagama **anomqondo ofana** nalawa:

5.2.1 Ukwesaba (1)

5.2.2 Zibuhlungu (1)

5.3 Kungani igama elithi, **'kwakungelula'** sithi yimpindwa? (1)

5.4 Hlobo luni lwesifengqo lolu? **Shwi!** (1)

5.5 Umuntu onjani omsulwa? Chaza. (1)

5.6 **Wuhlobo** luni lwenkondlo lolu? Sekela impendulo yakho. (2)
**[9]**

IEB Copyright © 2025

## UMBUZO 6

Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

### Inkondlo C – Efundwe ekilasini

Uyakhumbula ngikutshela,
Uyakhumbula ngikukhuza
Ngithi hhayi bo yehla,
Ungakhweli ngesivinini
Uzoth' **usesicongweni** wehle ngesivinini?

Wawungihlek' usulu,
Wawungibukela phansi-
Kuwena ngase ngiyisidwedwe
Ngifana nomata wokwesulel' izinyawo
Wawuth' uma ubhek' izinyawo zakho,
Zon' ezazilaxuk' udaka,
Ufis' ukuzesulela kimina.

……………………………………………………………

6.1 Bhala **isihloko** sale nkondlo. (1)

6.2 Khetha impendulo efanele kulezi ezilandelayo.

Igama elithi **usesicongweni** lisho ukuthi:

| |
|---|
| **uphansi / usendlini / uphezulu / usesikoleni** |

(1)

6.3 **Ikhuluma ngani** le nkondlo? Bhala amaphuzu amabili. (2)

**[4]**

IEB Copyright © 2025 

## UMBUZO 7

Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

### Inkondlo D – Engafundwanga ekilasini

**SIHLAHLA SAMI ESIHLE – Nkosinathi Shandu**

Noma ubuqhele kuhle kotalagu,
Noma ubuluvindi kuhle kwezOndi izintaba,
Noma uqhelile kuhle kweMpumalanga neNtshonalanga,
Kimi uyohlala umkhulu,
Kimi uyohlala uligugu.

Kimi wena uyisiphiwo.
Esivela kuMdali kweliphezulu,
Ngawe amahloni awekho,
Sihlahla sondela ngange.
Wonke amathemba akuwe.

Ngintula iphimbo lokumpongoloza.
Ngihlabe umkhosi ngothand' enginalo.
**A**m**a**q**a**bung**a** **a**kho **a**ngih**a**q**a** ngikh**a**le,
Ngikhale ngobuhlungu.
Ngenziwa uthando lwakho.

Bengingalutho emhlabeni wonkana,
Ngawe sengiwutho nakwabaningi.
Nkombose kababa, mina nawe siya kwelenyoni
Sondela, ngange ngithobe nomphefumulo.

[Icashunwe encwadini ethi: Umcakulo]

7.1 **Esitanzeni sokuqala bhala** uhlobo lwalokhu **kuxhumana**:

7.1.1 Noma …
Noma … (1)

7.1.2 … uyohlala …
… uyohlala … (1)

7.2 Esitanzeni sesithathu thola uhlobo **lwemvumelwano nesibonelo**. (2)

7.3 Hlobo luni **lwefanamsindo** lolu olugqamile emgqeni we-13? (1)

7.4 Bhala **isizura** etholakala esitanzeni sesi-4. (1)

7.5 Esitanzeni sesi-2 tomula igama elisho **uNkulunkulu**. (1)

7.6 **Isigqi** sale nkondlo siyanensa. Sekela lesi sitatimende. (1)

7.7 Phawula **ngezitanza nemigqa** yale nkondlo. (2)
**[10]**

**Amamaki angama-30**

IEB Copyright © 2025

## ISIQEPHU D UKUSETSHENZISWA KOLIMI NOHLELO

### UMBUZO 8

Sebenzisa isithombe esingezansi ukuphendula imibuzo.



[Sicashunwe ku-inthanethi]

8.1 **Lungisa** amaphutha emagameni abhalwe ngokugqamile.

Ukugibela ezintabeni kuyingxenye yokufunda ungekho esikoleni. Abafundi bahamba amabanga amade 8.1.1 **izinyawo**. Bathola ithuba 8.1.2 **lokuyenza** abangani abasha nokusebenza ngamaqembu. 8.1.3 **Loluhambo** luqinisa ubungani kubafundi. (3)

8.2 Sebenzisa **izihlanganiso** ozinikiwe ukuhlanganisa imisho engezansi. Bhala imisho ephelele.

8.2.1 Amantombazane ayaphumula. Amantombazane akhathele. **(ngoba)** (1)

8.2.2 UTracey uhamba ngokushesha. Ufuna ukufika kuqala emfuleni. **(ukuze)** (1)

8.2.3 Mina ngithanda ukugibela entabeni. Mina ngiyasaba. **(kodwa)** (1)

8.2.4 Umfula ugcwele kakhulu. Abafundi basaba ukukha amanzi ngamabhakede. **(yingakho)** (1)

8.3 **Phikisa** amagama abhalwe ngokugqamile kule misho elandelayo. **Ungabhali umqondophika.**

8.3.1 Isikhwama sakhe **sikhulu**. (1)

8.3.2 Amantombazane **abuka** intaba enkulu. (1)

8.3.3 UTracey **wahamba** ngokushesha. (1)
**[10]**

IEB Copyright © 2025

## UMBUZO 9

Sebenzisa isithombe esingezansi ukuphendula imibuzo ezolandela.




[Sicashunwe ku-inthanethi]

9.1 Lungisa imisho engezansi ngokufaka **izimpawu zokubhala** ezilungile.

9.1.1 Gijima kakhulu Bayanda. (1)

9.1.2 Uzophumelela uma usebenza kanzima, kusho uBayanda. (1)

9.1.3 Bangaki abagijimi abathole izindondo zegolide. (1)

9.2 Bhala **amabizomuntu** esikhundleni sezenzo ezingezansi.

9.2.1 Qeqesha (1)

9.2.2 Dlala (1)

9.2.3 Bukela (1)

9.3 **Nciphisa** amagama abhalwe ngokugqamile. Bhala impendulo kuphela.

9.3.1 **Umfana** wesikole umangaze abantu abaningi. (1)

9.3.2 **Izindlu** ezilala abadlali zihlanzekile. (1)

9.3.3 Abagijimi bagqoke **izikhindi** ezinhle. (1)
**[9]**

IEB Copyright © 2025 

**UMBUZO 10**

Sebenzisa isithombe esingezansi ukuphendula imibuzo elandelayo.



[Sicashunwe ku-inthanethi]

10.1 Lungisa amagama abhalwe ngokugqamile ngokufaka **izivumelwano** ezifanele. Bhala igama eliphelele.

10.1.1 Umkhulu **-gqoke** isikhindi esihle. (1)

10.1.2 Izingane **-thanda** abazali. (1)

10.1.3 Isihlabathi **-xhopha** umama emehlweni. (1)

10.2 Lungisa amagama akubakaki ngokubhala **ongumnini** ofanele.

10.2.1 Izingane **(bona)** zikhuluma isiZulu. (1)

10.2.2 Ingubo **(umama)** yinhle kakhulu. (1)

10.2.3 Amanzi **(ulwandle)** ahlanzekile. (1)

10.3 Bhala **ondaweni** esikhundleni samabizo agqamile. Bhala impendulo kuphela.

10.3.1 Izingane zidlala ibhola **isihlabathi**. (1)

10.3.2 U-Omuhle ufake isigqoko **ikhanda**. (1)

10.3.3 Ugogo ufaka amanzi olwandle **isigubhu**. (1)
**[9]**

IEB Copyright © 2025

**UMBUZO 11**

Sebenzisa igama elithi **inyanga** emishweni emibili ukwakha imiqondo engafani.

**[2]**

**Amamaki angama-30**

**[Amamaki esewonke: 100]**

IEB Copyright © 2025